

Ubunye Nobudlelwane Obephukile



ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:

2 Timothewu 4:11, Philem. 1–25, 2 Korinte 10:12–15, Rom. 5:8–11, Efes. 4:26, Mathewu. 18:15–17.

Indimana Yekhanda:

“Ngokuba uma sathola ukubuyisana noNkulunkulu ngokufa kweNnodana yakhe sise yizitha, ikakhulu siyakusindiswa ngokuphila kwayo sesitholile ukubuyisana” (Roma 5:10,

Njengoba sibonile, nangemuva kwePentekoste ubudlelwane phakathi kwamakholwa babungebuhle ngezinye izikhathi. ITestamente Elisha libika ngezibonelo eziningi indlela abaholi bebandla kanye namalungu ababebhekana nayo nalezizinsesele. Lezizimiso zibaluleke kakhulu ebandleni namuhla. Zembula imiphumela emihle engabakhona lapho sisebenzisa izimiso zeBhayibheli ekubhekaneni nokungquzulana futhi silonda nobunye bethu kuKristu. Esifundweni saleliviki, sizogxila kubudlelwane obubuyiselwe kanye nangendlela ubudlelwane bethu njengabantu obuthinta ngayo ubunye bethu kuKristu. Umsebenzi kaMoya oNgewele ufaka nokusondeza bantu kuNkulunkulu nakomunye nomunye. Ufaka futhi nokubhidliza izihibe ebudlelwaneni bethu NoNkulunkulu kanye nasekubhidlizeni izihibe ebudlelwaneni bethu komunye nomunye. Kafushane, isibonakaliso esikhulu kunazo zonke samandla evangeli akusona esokuthi lithini ibandla kepha ngesokuthi ibandla liphila kanjani. “ ‘Ngalokho bonke bayakukwazi ukuthi ningabafundi bami, uma nithandana’ ” (Johane 13:35, NKJV). Ngaphandle kwaloluthando konke ukukhuluma kwethu ngobunye bebandla kuyoba yize.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-December 8.*

Ubuhlobo Obubuyiselwe

UPawule no-Barnabas babesebenza ndawonye ekufakazeni ngoJesu. Kodwa babanokungavumelani ngokuthi bangamethemba othile owayesaba njengo-John Mark (Zenzo 15:36–39). Izingozi ezazingaba khona ekushumayeleni ivangeli zazenze u-John Mark ukuba Ngesinye isikhathi ambuke uPawule no-Barnabas futhi abuyela ekhaya (Zenzo 13:13). “Lokhu kumbuka kwadala ukuba uPawule ahlulele kabi uMarko, futhi ngokunesihluku, okwesikhashana. U-Barnabas, ngakolunye uhlangothi, wayethatha ngokuthi wayengenamava [uMarko]. Wayekhathazekile ngokuthi uMarko ashiye ebufundisini, ngokuba wayebona kuye ukufaneleka okwakumenza abeyisisebenzi esiwusizo kuKristu.”—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, p. 170. Nakuba uNkulunkulu wayesebenzisa onke lamadoda, izinto phakathi kwabo kwakudingeka zixazululiwe. Umpostoli owayeshumayela umusa wayedinga ukudlulisela umusa kumshumayeli osemusha owayemdumazile. Umpostoli wentethelelo kwakudingeka athethelele. U-John Marko wakhula ekwalulekeni okuqiniso kuka-Barnabas (Zenzo 15:39), futhi, Ekugcineni, inhliziyo kaPawule yathinteka yilezizinguquko.

Izincwadi zikaPawule kuTimothewu nasebandleni laseKholose zibembula kanjani ubudlelwane bakhe obuvuselelwe no-John Mark kanye nokumethemba okusha lomshumayeli omusha na? Col. 4:10, 11; 2 Tim. 4:11.

Nakuba imininingwane yokubuyisana kukaPawule no-John Mark ingaveli kahle, umbiko weBhayibheli usobala. U-John Mark waba ngomunye wezethenjwa zompostoli. UPawule wamncoma kakhulu u-John Mark njengo “sebenzisana naye” ebandleni laseKholose. Ekupheleni kwempilo kaPawule, wakhuthaza kakhulu uTimothewu ukuba eze no-John Mark eRoma ngoba “wayewusizo kimi ebufundisini” (2 Tim. 4:11, NKJV). Ukusebenza kukaPawule kwakhula ngenxa yalomshumayeli omusha, okusobala ukuthi wayemthethelele. Isihibe phakathi kwabo sasibhidlikile, futhi basebekwazi ukusebenza ndawonye kwezovangelo. Noma yini eyayiphakathi kwabo, futhi nakuba wayefanele kangakanani uPawule ukukholwa ukuthi wayelungile ngendlela ayebuke ngayo u-John Mark, kwasekudlulile manje.

Singafunda kanjani ukuthethelela labo abasilimazile noma abasidumazile na? Kusenjalo, Kungani ukuthethelela kungafaka ngasosonke isikhathi ukubuyisana okuphelele kobudlelwane obudlule na? Kungani kungadingekile lokho ngasosonke isikhathi na?

Ukusuka Ebugqilini Kuye Ebudodadeneni

Esaboshiwe eRoma, uPawule wahlangana nesigqila esasibalekile ogama laso lingu-Onesimus, owayebaleke eKholose eya eRoma. UPawule Wabona ukuthi yena wayemazi umphathi ka-Onesimus. Incwadi eya ku-Philemon ingukuncenga kukaPawule encenga umngani wakhe mayelana nokubuyisana kobudlelwane phakathi kwakhe nesigqila esibalekile. Ubudlelwane babubalulekile kuPawule. Umpostoli wayazi ukuthi ubudlelwane obephukile buyingozi ekukhuleni kwezikamoya kanye nasebunyeni bebandla. U-Philemon wayengumholi webandla eKholose. Uma enamagqubu ngaku-Onesimus, kwakuyophazamisa ukufakaza kwakhe ngobuKristu kanye nokufakaza kwebandla emphakathini ongakholwayo.

Fuda u-Philemon 1-25. Yiziphi izimiso ezibalulekile ezimayelana nobudlelwane obubuyisene esizithola lapha na? Khumbula, igama eliphambili, izimiso.

Ngokuthi halamuzi kuyamangalisa ukuthi uPawule akazange akhulume ngokuqinile ngokumelana nobubi bobugqila. Kodwa icebo likaPawule lasebenza kakhulu. Ivangeli, libhidliza konke ukwehlukana ngamazinga (Gal. 3:28; Col. 3:10, 11). Umpostoli wathumela u-Onesimus emuva ku-Philemon, hhayi njengesigqila kepha njengendodana kuJesu futhi nanjengo “mzalwane othandekayo” ka-Philemon eNkosini (Philemon 16). UPawule wayazi ukuthi izigqila ezibalekile zazibhekana nekusasa elibi kakhulu. Zazingaboshwa noma yinini. Zazisengozini yokuphila impilo yobuphofu. Kodwa manje, njengomzalwane no-Philemon kuKristu kanye nesisebenzi esivumayo, u-Onesimus wayengaba nekusasa elingcono. Ukudla kwakhe, indawo yokuhlala, kanye nomsebenzi kwakungaqiniseka ku-Philemon. Ukubuyisana kobudlelwane obephukile kwakungenza umehluko omkhulu empilweni yakhe. Waba “umzalwane okhokileyo nothandekayo” kanye nomsizi kaPawule evangelini (Col. 4:9). UPawule wayeqinisekile, futhi egcizelela, ekulangazeleleni kwakhe ukuba kube nokubuyisana phakathi kwabo kangangokuba wayezimisele ukukhokha ngemali yakhe noma yikuphi ngokwezimali okwakwenzekile ngenxa yesigameko phakathi kwalamakholwa amabili kuKristu.

Sitomula ezimisweni zevangeli njengoba sibona lapha, yini ongazithathela yona engakusiza ukubhekana nengcindezi nobunzima, nakho ukulimala, obenako kobudlelwane nabanye na? Lezizimiso zingasiza kanjani ukugwema ukubhidlika kobunye ebandleni okulo na?

Izipho ZikaMoya ZoBunye

Njengoba sibonile esifundweni esingaphambili, ibandla eKorinte lalinezinkinga ezidephile. Yiziphi izimiso uPawule azibekayo ku-1 Korinte 3:5–11, 12:1–11, no 2 Korinte 10:12–15 zokuphulukisa kanye nokubuyisela, ezisemqoka kubunye bebandla na?

Kulezizahluko, umpostoli ubeka izimiso ezibucayi zobunye bebandla. Uveza ukuthi uJesu usebenzisa abasebenzi abehlukene ukuze imisebenzi eyahlukene ebandleni Lakhe, nakuba ngamunye esebenzela ndawonye ekwakheni umbuso kaNkulunkulu (1 Cor. 3:9). UNkulunkulu usibizela ekubambisaneni, hhayi ekuncintisaneni. Ikhohla ngalinye linikezwe izipho nguNkulunkulu ukuba libambisane ekusebenzeleni umzimba kaKristu kanye nomphakathi (1 Kor. 12:11). Azikho izipho ezinkulu noma ezincane kunezinye. Zonke ziyadingeka ebandleni likaKristu (1 Kor. 12:18-23). Izipho ezinikezwe nguNkulunkulu akuzona ezokugqamisa thina, futhi zinikezwa nguMoya oNgcwele ukusebenza ekusabalaliseni ivangeli.

Konke ukuqhathanisa nabanye kungubuwula, ngoba kuzosidikibalisa noma kusenze siqhoshe. Uma sicabanga ukuthi abanye “bangaphezulu” kwethu, siba nomuzwa wokudikibala uma siziqhathanisa nabo futhi sitheneke amandla kalula kunoma yimuphi umsebenzi esikuwo.ngakolunye uhlangothi, uma sicabanga ukuthi ukusebenzela kwethu uKristu kunezithelo kakhulu kunokwabanye, siba nomuzwa wokuzidla, okungumuzwa wokugcina noma yimuphi umKristu angaba nawo. Zombili lezizindlela zokubuka zikhubaza ukusebenzela kwethu uKristu kanye nobudlelwane esinabo phakathi kwethu. Njengoba sisebenza esizindeni sethonya uKristu asinikeze sona, sizothola intokozo nokweneliseka ekufakazeni ngoKristu. Ukusebenza kwethu kuyothayisela emizamweni yamanye amalungu, futhi nebandla likaKristu liyothatha amagxathi amakhulu ngombuso.

Ungacabanga ngezipho zothile emsebenzini ezikwenze waba nomona na? (Kulula lokho, akunjalo na?) Kusenjalo, sekukangaki uzigqaja ngezipho zakho uma uqhathanisa nabanye na? Iphuzu yileli lokuthi ukukhathazeka kukaPawule kuyinto ekhona njalo kwisintu esiwile. Noma ngabe uwela koluphi uhlangothi, singafunda kanjani ukuba nomoya ongenamhawu odingekayo ukuze sigcine ubunye bethu kuKristu na?

Intethelelo

Yini intethelelo na? Ngabe intethelelo ivuna ukuziphatha kothile osone kabi kakhulu na? Ngabe ukuthethelela kwami kuncike ekuphendukeni kowonile na? Kungezekani uma lowo ongicasulile engayifanele intethelelo yami na?

Izahluko ezilandelayo zisisiza kanjani ukuba siqonde uhlobo lwentethelelo yebhayibheli na? Rom. 5:8–11; Luka 23:31–34; 2 Kor. 5:20, 21; Efes. 4:26.

UKristu wazisusela yena ukuba asibuyisele Kuye. Kungu “bumnene bukaNkulunkulu obusiholela ekuphendukeni” (Rom. 2:4, NKJV). KuKristu sabuyisana NoNkulunkulu ngenkathi siseyizoni. Ukuphenduka kwethu kanye nokuvuma akudali ukubuyisana. Ukufa kukaKristu esiphambanweni yikona okukwenzayo; ingxenye yethu ngeyokuthi samukele lokho okwenzelwa thina. Kuyiqiniso ukuthi asikwazi ukwamukela izibusiso zokuthethelelwa size sivume izono zethu. Lokhu akuchazi ukuthi ukuvuma kwethu kudala intethelelo enhliziyweni kaNkulunkulu. Intethelelo ibisenhliziyweni Yakhe sonke isikhathi. Ukuvuma, kunalokho, kusenza sikwazi ukuyamukela (1 Johane 1:9). Ukuvuma kusemqoka kakhulu, hhayi ngoba kuguqula indlela uNkulunkulu asibuka ngayo kepha ngoba kuguqula indlela thina esimbuka ngayo Yena. Uma sivumela amandla kaMoya oNgcwele avumisayo ukuba siphenduke futhi sivume isono sethu, siyaguqulwa. Intethelelo ibucayi ngokokuphila kwethu kwezikamoya. Ukwehluleka ukuthethelela othile osonile, nakuba bengayifanele intethelelo, kungalimaza thina ngaphezu kokuba kulimaze bona. Uma othile ekonile futhi nobuhlungu bubhikha ngaphakathi ngoba wehlulekile ukuthethelela, uyabavumela ukuba bakulimaze ngokwandile. Lemizwa kanye nokulimala kuvamile ukuba yimbangela yokwehlukana kanye nokuxabana ebandleni. Ukulimala okungalashiwe phakathi kwamalungu ebandla kulimaza ubunye bomzimba kaKristu. Ukuthethelela kukhulula omunye ekulahlweni yithi ngoba uKristu usikhulule nathi ekulahlweni Nguye. Akuvuni indlela othile aziphathe ngayo kithina. Singabuyisana nothile osonile, ngoba uKristu wabuyisana nathi ngenkathi simonile Yena. Singathethelela ngoba nathi sithethelelwe. Singathanda ngoba nathi siyathandwa. Ukuthethelela kungukukhetha. Singakhetha ukuthethelela nakuba zinjani izenzo zothile ngakithi. Lokhu kungomoya weqiniso kaJesu.

Ukugxila kwethu kwintethelelo esinayo kuKristu kungasisiza kanjani ukuba sifunde ukuthethelela abanye na? Kungani lokhu kuthethelela kusigaba esisemqoka kumava ethu obuKristu na?

Ukubuyisana kanye Nobunye

Funda uMathewu 18:15–17. Zinyathelo zini ezintathu uJesu asinikeza zona ukusiza ekuxazuleni izingxabano lapho soniwe ngelinye ilungu lebandla na? Kumele siwasebenzise kanjani lamazwi ezimweni zethu zanamuhla na?

Isifiso sikaJesu ekunikezeni lesiseluleko kuMathewu 18 ngesokugcina ukuxabana phakathi kwebandla kuyingcosana kangangokuba kungenzeka. Inhloso Yakhe ngeyokuthi lababantu ababili abathintekayo baxazulule inkinga ngokwabo. Yingakho uJesu ememezela ethi, “ ‘Kepha uma umfowenu ekona, hamba umsole ninodwa naye. Uma ekuzwa, woba umzuzile umfowenu’ ” (Mat. 18:15, NKJV). Lapho isibalo sabantu abathinteka ekuxabaneni kwabantu ababili sanda, nokuxabana kuyanda, futhi ayanda namathuba okuthi ubudlelwane bamanye amakholwa nabo buthinteke. Abantu bathatha izinhlangothi, futhi imigqa yezimpi idwetshwe. Kodwa lapho amaKristu ezama ukuxazulula izingxabano zawo ngasese, futhi nangomoya wothando lobuKristu kanye nokuqondana, isimo sokubuyisana siyadalwa. Isimo silungela ukuba uMoya oNgcwele usebenzisane nabo lapbo bezama ukuxazulula ukungezwani kwabo.

Ngezinye izikhathi ukunxenela ekuxazuleni ukuxabana akwenzeki. Kulezizimo uJesu uthi masithathe abemunye noma babe babili abanye kanye nathi. Isinyathelo sesibili ohlelweni lokubuyisana kumele silandele esokuqala. Inhloso ngeyokubuyisana kwabantu, hhayi ukubahlukanisa kakhulu. Lona oyedwa noma ababili babayingxenywe yalowo owoniwe futhi abezele ukuqinisekisa iphuzu lakhe noma ukuhlanganyela kanye naye ekusoleni isoni. Beza ngothando lobuKristu kanye nozwelo njengabeluleki kanye nozakwabo emkhulekweni ukuze babeyingxenywe ohlelweni lokuhlanganisa ababili abaqhelelene. Kunzikhathi lapho yonke imizamo yokuxazulula inkinga ingasebenzi. Kulokho, uJesu usiyaleze ukuba silethe udaba ngaphambi kwebandla. Nembala akakhulumi ngokuphazamisa inkonzo yangeSabatha ekuseni ngodaba lwabantu abaxabene. Indawo efanele yokuletha udaba, uma izinyathelo zokuqala ezimbili zingasizanga ekubuyiseni laba ababili, yisigungu sebandla. Nalapho, inhloso kaKristu ngeyokubuyisana. Akuyona eyokusola omunye nokuvuna omunye. “Musani ukuvumela ukucasulwa kuvuthwe kubeyinzondo. Ungavumeli isilonda sibhibhe futhi sibe ngamazwi awushevu, angcolisa ingqondo yalabo abalalele. Ungavumeli imicabango emibi iqhubeke igcwalise ingqondo yakho. Hamba uye kumzalwane wakho, futhi ngokuzithoba nangokuqiniseka ukhulume naye ngalolodaba.”—Ellen G. White, *Gospel Workers*, p. 499.

Cabanga Kabanzi:

“Lapho izisebenzi zinoKristu ohlezi emiphefumulweni yazo, lapho wonke umhawu ufile, lapho ukulwa kungekho, nokubanga ubukhulu, lapho ubunye bukhona, lapho bezingcwalisa, ukuze ukuthandana kubonakale futhi kuzwakale, imvula yomusa kaMoya oNgcwele nokuqinisekileyo iyakwehlela phezu kwabo njengalokhu lesosithembiso sikaNkulunkulu ngeke sahluleka nakancane.”—Ellen G. White, *Selected Messages*, book 1, p. 175. “Uma sima ngalolosuku olukhulu lweNkosi noKristu njengesiphephelo sethu, inqaba yethu, kumele sisuse wonke umhawu, konke ukubanga ubukhulu. Kumele sibulale izimpande zezinto ezingengcwele, ukuze zingaphinde zihlumele ekuphileni futhi. Kumele sizibeke ngokuphelele ngasohlangothini lweNkosi.”—Ellen G. White, *Last Day Events*, p. 190.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. funda abaseKholose 3:12-17. Xoxani ngezimpawu zobuKristu umpostoli uPawule akhuthaze ibandla laseKholose ukuba lizifune. Kungani lezizimpawu ziyisisekelo sokuxazulula yonke imibango na? Zisihola kanjani Ekugcineni izimiso uJesu asinikeza zona kuMathewu 18:15–18 na?
2. Buka abaseKholose 3:12-17 kanye nezimfundiso ezitholakala kulezizindimana. Kungani lezizinto zisemqoka kakhulu ebunyeni bebandla na?
3. Uma sibuka ibandla lethu, okungukuthi, Ibandla lama-Seventh-day Adventist lilonke, yini okuyiyonanto enkulu kunazonke esivimbela ukuba sibe nalobobunye obuzodingeka ukuze sifinyelele ezweni na? Ngabe yizimfundiso zethu na? Nembala cha. Lezi yizinto kanye uNkulunkulu asinikeze zona ukuba sizimemezele ezweni. Mhlawumbe inkinga ilele kithina, kubudlelwane bethu komunye nomunye, umonyana wethu, ukubanga kwethu, umhawu wethu, ukulangazelela kwethu izikhundla, kanye nakho konke okunye. Kungani kumele unxenxe amandla kaMoya oNgcwele ukuba ulethe izinguquko okumele zenzeke kuwena ngaphambi kokuba sibone ubunye kulo lonke ibandla na?

Kafushane: Ivangeli likaJesu Kristu limayelana nokuphulukisa kanye nokuguquka. Kuthi lapho lezizinto zifika, ziba nomthelela kubudlelwane bethu nabanye. IBhayibheli lisinikeza izimiso ezinamandla kanye nezibonelo zendlela esingaba nabo ngazo ubudlelwane nabanye obulungile nobusondelene, nakulo lelizwe lesono.